




Ukusetshenziswa kwe-SASRI Programme Planner

Ukuze umlimi akwazi ukhulela uhlelo lomsebenzi wakhe wonke wonyaka siyamukhuthaza ukuthi asebenzise i-SASRI Programme Planner. Buka lesi sithombe esingezansi – yiwona umfanekiso we-SASRI Programme Planner uma ubungakaze uyibone, kodwa-ke nginesiqiniseko sokuthi abeluleki sebeke bakunikeza futhi bakufundisa ukuthi isetshenziswa kanjani.



i-Programme Planner esetshenziswa abalimi ukhulela imisebenzi ezokwenziwa emasimini

NGABE ISETSHENZISWA KANJANI LE SASRI PROGRAMME PLANNER?

Okumele umlimi akwenzwe:

- Thatha umdwebo okhombisa ipulazi kanye nawowonke amasimu nezinamba zawo.
- Phezulu kwi-SASRI Programme Planner bhala igama lepulazi lakho.
- Ngasohlangothini lokuqala kwesobunxele kunendawo lapho kumele ubhale wonke amasimu akho ngokulandelana kwawo, kanje:- inamba yensimu kanye nobukhulu (hectares) bensimu ngayinye.
- Kunezinyanga zonyaka uma ubuka phezulu kwi-Planner yakho kusukela kuMasingana (January) kuya kuZibandlela (December).
- Uma ubheka phansi kwi-Planner yakho kunezikhala lapho kuchazwa khona umsebenzi okumele wenziwe. Okusho ukuthi umsebenzi lowo okusuke kumele wenziwe uwufaka maqondana nenyanga leyo umsebenzi okumele wenziwe ngayo.
- Unyaka nonyaka kumele umlimi agcwalise i-Planner entsha ezohambisana nendlela ahlele ngayo umsebenzi wakhe wakulowo nyaka. I-Planner yakho kumele uyigcwalise ngemibala eyahlukahlukene, isibonelo:- umbala oluhlaza ukukhombisa amasimu azohlahlwa.

ISIZA NGANI LE PLANNER?

- I-Planner isiza umlimi ukuthi asheshe abone ukuthi yimiphi imisebenzi okumele ayenze nanokuthi kumaphi amasimu ngokubuka nje ebhodini uma engena ehhovisi lakhe, ngakho-ke le Planner kumele ibekwe endaweni esobala.
- Noma ngabe umuntu akafundanga okutheni kodwa uyakwazi ukubona ngokushesha ukuthi yini okumele yenziwe, kuphi kanye nesikhathi noma inyanga okumele kwenzekwe ngayo.
- Lokhu kwenza umlimi abone kusasele isikhathi ukuthi yini okumele ayilungise noma ayi-ode nokubona ukuthi ngabe imali anayo yanele yini ukwenza lowo msebenzi okumele wenziwe. Uma inganele, umlimi uthola isikhathi sokuthi abe eqoqa konke azokudinga kuthi kuqamba kufika isikhathi yonke into isimi ngomumo.
- Yonke into ekwi-Planner yakho uma ihleleke ngendlela efanele kumele ihambisane nohlahlomali lwakho.

Njengoba kuqala unyaka abeluleki bazonazisa ngezindawo nezinsuku lapho abalimi bezobe befundiswa ngokusetshenziswa kwe-SASRI Programme Planner. Ngasonke isikhathi hlala ubambelele kusomnotho (SACGA Economist) kanye nabeluleki bakho bezolimo (owakwa-SASRI, uMnyango Wezolimo kaHulumeni, isiGayo, i-Mentor kanye nabasebenzi balapho nithenga khona izinto zezolimo).

OKUQUKETHWE



Ukuzimisela kwabalimi: Ukulima umoba kungaguqula indlela ophila ngayo.



Uhlahlomali: Ukwenza uhlahlomali kungakusiza ngani.



Izilinganiso: Kusiza bani, ngani ukwenza izilinganiso eziyizo.

Umlimi uyadinga ukuthi kubekhona umuntu asizana naye epulazini ngoba angeke ukwazi ukuzenzela yonke into ngenxa yokuthi imininingwane yayo yonke into oyenzayo kumele uyibhale phansi. Silindele ukuyibona le SASRI Programme Planner kubo bonke abalimi uma sifika sibavakashele emapulazini abo. Nasi esinye isexwayiso Mlimi, uma udinga usizo lukameluleki thatha ucingo umfonele ucele azokubona ngoba miningi imisebenzi ebhekene nabeluleki kanti abanye basebenzela izigayo eziningi nangaphezu kwalokho umeluleki kusuke kubhekeke ukuthi ayothamela nemihlangano yemboni kashukela. Ukusebenza ngokubambisana yikhona okuyosenza siphumelele.



Ibhalwe ngu: Thulani Masondo

Ngokovo lwabalimi ngempumelelo

Umlimi womoba uMnu. uGwala

Igama nginguSibusiso Gwala ngingumlimi olima ngokuncane (Small Scale Grower). Ngilima umoba endaweni yas'eTsheni etholakala ngaphansi kwendawo yakwaGcumisa ethumela umoba esigayweni i-Noodsberg. Ngaqala ukulima umoba ngonyaka wezi-2009 emva kokuthintwa ngiphinde ngixoxisane noMeluleki wendawo uMnumzane



u-GM Mdunge. Wangibuza ukuthi ngingakuthokozela yini ukuthi kusetshenziswe indawo yami kutshalwe kuyo isibonelo (demonstration plot), ngavuma ngoba ngibona ukuthi ngingafunda okuningi kulobudlelwano. Savumelana ngokuthi kuzotshalwa amahheka angu-1.4 enziwe isibonelo. Ukutshala umoba kuyibhizinisi okusho ukuthi ekugcineni kumele kube nenzuzo umlimi ayitholayo.

uMeluleki uMdunge ebambisene nozakwabo bafika endaweni yami lapho kwakuzokwenziwa khona isibonelo. Kwenziwa izinsuku zabalimi lapho sasifundiswa ngezinto eziphathelele nokukhulisa umoba okubalwa kuzo ukuhlonza umhlabathi, ukubulala ukhula, ukukhetha uhlobo lomoba oluhambisana nomhlabathi wami, njalo njalo. Ukubambisana kuyasiza kwezolimo ngoba bengizibambela mina mathupha ukwenza umsebenzi besekuthi umnyango wezolimo ungisize ngokunginika izinsiza kusebenza.

Into eyenza ukuthi ngithande ukutshala umoba wukuthi imakethe ihlelekile, amakomidi okusebenza ahlelekile kanti nezinsiza kusebenza zikhona. Ukulima umoba kungilethele inzuzo ngaze ngakhulisa nendawo engiwutshale kuwo yaba amahheka ama-3.3.



Ibhalwe ngu: GM Mdunge & WA Gillespie

Abalimi abalima ngokuncane baseNtonga

Isithombe ngokuma kwepulazi

Umphilandawonye waBalimi abalima ngokuncane (Small Scale Growers/SSG) waseNtonga wakhiwe amalungu ali-11 (okungabesifazane abane, abasilisa abayisithupha kanye nentsha eyodwa). Leli pulazi lathengwa ngokuxhaswa ngaboMnyango wezokuThuthukiswa kwezaseMakhaya kanye noKwabiwa koMhlaba ngonyaka wezi-2007. Ubungako bepulazi lilonke ngamahheka angama-518, kodwa ngenkathi lithengwa ngonyaka wezi-2007 indawo eyayisetshenziselwa ukukhiqiza umoba kwaku ngamahheka angama-80 kuphela enye ingenalutho. Kubalulekile sikuveze ukuthi ngenkathi lithengwa ipulazi lalisesimeni esibi kakhulu njengoba ingqalasizinda yayingekho. Ipulazi lihlohlomule ngoxhaso eMnyangweni weZolimo iMvelo naMasiko ngonyaka wezi-2010 ohlelweni lwawo umnyango lwezentuthuko olubizwa ngo-CASP. Phakathi konyaka wezi-2010 kuya

kwezi-2015, amalungu aqale ukuthuthukisa ipulazi nokuyimanje sebekwaze ukutshala amahheka angama-200. Phezu kwalahheka kamoba, amahheka angama-25 akhiqiza izithelo ezinhlobonhlobo (okungamazambane angamahheka angama-20 kanye namahheka ayi-5 kabhontshisi).

Umkhqizo

Kuleli pulazi umoba yiwona mkhiziqo omkhulukazi futhi kunesivumelwano sokuba uthunyelwe eSigayweni sas'oPhongolo esingaphansi kwenkampani i-RCL Foods. Isivumelwano sikhomba ukuthi abalimi abalima ngokuncane baseNtonga kufanele bathumele okungenani amatani omoba azi-12669 ngonyaka. Ukukhula komkhiziqo womoba kulelipulazi kusuka kwizi-2146 ngonyaka wezi-2008 kuya kwizi-12669 ngonyaka wezi-2015 kukhombisa ukuthuthuka okuseqophelweni eliphezulu. Kuyimanje imali engenayo ilinganiselwa ezigidini ezi-4 (R4 Million) ngonyaka.



Ukubaluleka Kohlahlomali

Ngabe luyini noma lusho ukuthini uhlahlomali kumlimi?

Uhlahlomali lukhuluma ngemali okumele ingene kanye nezindleko zebhizinisi. Kungaba yizindleko ezihlelelwe kanye nemali ehlelelwe ukungena ebhizinisini.

Umlimi ulenza kangaki uhlahlomali?

Asikho isikhathi esinqunyiwe, kuba sezidingweni zomlimi (kungaba ngonyaka, ngekota noma njalo ngemva kwezinyanga ezimbili).

Uhlahlomali lwepulazi ngabe lubalulekile yini?

Yebo lubalulekile ngoba lukusiza kulokhu okulandelayo:

- Ukuvikela izindleko ezingenasidingo noma ezingahlelelwe.
- Ukuhlela izinto ngendlela efanele.

- Ukwazi isimo sakho sezimali ukuthi yinini lapho ibhizinisi lizohamba kahle khona nalapho lizodinga usizo lwezimali ezivela ngaphandle.

- Liba yithuluzi lenkombandlela yepulazi.

Mlimi ngabe unawo yini amandla emalini engena epulazini lakho?

1. Kwinani lenkokhelo yobushukela (RV Price) awunawo amandla, kodwa kwizinga lobushukela (RV%) bomoba wakho kanye namathani obushukela (tRV%) okumele uwathole, unawo amandla okwenza umehluko.

2. Kunezindleko zepulazi umlimi angeke akwazi ukuzigwema noma ngabe esethanda kangakanani, njengezindleko zokutshala, ezokunakekela ihlumela kanye nezokuvuna umoba.

ekukhiqizweni komoba

Indawo engasetshenziswa ilinganiselwa emahhekeni angama-300 kanti abaphathi bepulazi bahlela ukusebenzisa yonke indawo yepulazi okungenani ama-250 wamahheka (okuyindawo enehlathi) izosetshenziswa ukugcina izinkomo ezikhiqiza ubisi noma inyama bese kuthi amahheka angama-25 asele ahlelelwe ukukhiqiza izingulube kanye nezinkukhu. Amalungu epulazi athole umfutho nokugqugquzeleka ngoba bakwaze ukufezekisa izinhloso, ikakhulukazi njengoba engekho noyedwa umlimi olimi ngokuncane kule ndawo owenza izinto ngale ndlela.

Umthelela

Umphilandawonye waBalimi abalima ngokuncane waseNtonga uqashe abasebenzi abangama-94, kubona abangama-55 basebenza ngokugcwele kuthi abangama-39 babelitoho (abesifazane bangama-45, abasilisa ngama-49 kanye nentsha engama-68). Ipulazi lisebenzisa imali elinganiselwa kwi-R1 200 000 (R1.2 Million) kwimihlo yabasebenzi nje kuphela. Leli pulazi libamba iqhaza elibalulekile ekwakheni amathuba emisebenzi, ukuxosha indlala kanye nobubha emiphakathini eseduze. Iningi labasebenzi abaqashwe kulelipulazi yintsha, lokhu kuholela ekwehleni kwezinga lobugebengu nasekusetshenzisweni kwezidakamizwa endaweni.

Leli pulazi libuye libambe iqhaza elikhulu ngokunikezela ngamakhono kanye noqeqesho kubafundi bezolimo abaqhamuka ezikhungweni zemfundo ephakeme ezahlukahlukeni. Kuyimanje, linabafundi abayi-5

abaqeqeshelwe ukuphatha amapulazi abaqhamuka ezikhungweni zemfundo ephakeme okuyiKolishi laseMajuba, uMthashana kanye neMandleni. Ngaphezu kwalokho, uma singathi ukubheka emuva kancane eminyakeni yazi-2010, iKolishi lezolimo lase-Cedara belijwayelele ukuletha abafundi ukuthi bavakashe okuyingxenywe yokufunda kwabo. Singakusho ukuthi liyisikhungo kwabanye aBalimi abalima ngokuncane (SSG) emkhakheni womoba kanye nakwezinye izitshalo. Isikhathi esiningi leli pulazi njengokuhambisana nomgomo kahulumeni wokuqinisekisa ngokuthi abantu abalambi emakhaya leli pulazi linikela ngezitshalo zolimo kwikhaya labantu abadala, ezinkulisa kanye nakwezinye izikhungo ezintulayo endaweni eliyakhele.

Ngenxa yokuzinikela kanye nokusebenza kanzima kwamalungu, leli pulazi lihlolelwe ngokuba ngelivelele oPhongolo ngonyaka wezi-2013. Umncintiswano wawuhlanganise izinhloko zabalimi abakhulu kanye naBalima ngokuncane. Kuyimanje ipulazi linehhovisi, linendawo enophahla yokupaka ogandaganda, indlu yokugcina izimpahla kanye nendlu yomphathi wepulazi. Okunye esingakubala, ipulazi linogandaganda abane (4), izinqola zokuthwala umoba ezimbili (2) kanye nezimoto ezimbili (2).

Uma abalimi bedinga eminye imininigwane ngeNtonga bangathintana noMaNhlengethwa ku-083 7456988



Ibhalwe ngu:
Norman Mkhabela



Ukuphumelela kukaMnu. uZuma endaweni yase-Eston

UMnu. uZuma onepulazi lomoba endaweni yase-Eston nosephumelele ekubeni umlimi ovelele amahlandla amathathu kulandelana usixoxela ngempumelelo yakhe.

Uzizwa kanjani ngempumelelo yakho osanda kuyithola?

- Angazi ngingaqala ngakuphi, kodwa ngijabule kakhulu ngiswele ngisho amaphiko okundiza ngendlela engijabule ngayo. Ngibonga noNkulunkulu ngempumelelo yami.

Yini ongathi yiyo ekunqobisile?

- Ngingotshiswe ukulalela izeluleko zabeluleki bami. Kuningi abangeluleka ngakho nokungisizayo ekuphatheni ipulazi ngendlela ekahe. Ngibonga kakhulu nakubona ngezululeko zabo abanginika zona mayelana nokunqanda ukhula, ukufaka umanyolo, ukunisela, ukuhlahla nokuthutha umoba emasimini nokunye okuningi abakwenzayo. Lokho kwenze amasimu ami angaba nokhula futhi umoba wami wakhula ngendlela ekahe.

Sikuphathe kanjani isomiso lesi esihlasele?

- Singishayile khona nokho kepha ngisizwe kakhulu ukunisela emasimini adinga ukuniselwa futhi nganakekela kahle amasimu ami ngokulandela izeluleko zabeluleki bami.

Ungathini kwabanye abalimi abatshale umoba njengawe?

- Njengoba uHulumeni esilekelela ngezinsizakusebenza, masenze isiqiniseko sokuthi konke lokhu asinika khona sikusebenzisa ngendlela eyiyo. Kubalulekile ukuthi imali esiyitholayo siphinde siyifake emasimini ukuze sizohlale sinesivuno esigculisayo. Ngibonge futhi nakozakwethu esibuye sicobelelane ngolwazi nabo.



Ibhalwe ngu: Patrick Ngcobo



(ulwazi lutholakale ngokubambisana phakathi kwalaba babhali: Sakhile Mzimela, Nhlakanipho Khumalo – SACGA, Thulani Masondo noSifiso Hlela – SASRI)

Ezinye zezindleko umlimi abhekana nazo njalo yilezi:

- Amaholo abasebenzi.
- Ukulungiswa kwemishini yokusebenza.
- Udizili kanye namafutha adingwa yimishini yokusebenza.
- Kanye nemali yokubhekana nezindleko zokuqhuba ibhizinisi.

Okunye umlimi okumele akwazi mayelana nezikweletu zepulazi yilokhu:

- Ngabe esani isikweletu.
- Ngabe sizothatha isikhathi esingakanani ukusikhokha.
- Ngabe lo okunikeza isikweletu uyena yini ongcono kunabanye abebengakunikeza usizo.
- Uzokwazi yini ukumelelana nokuba nezikweletu eziningi.

- Okwangempela ngabe uyasidinga yini lesi sikweletu ofuna ukusenza.

Mlimi, kumele uhlukanise izindleko zakho kwezepulazi, njengomsebenzi epulazini kumele kube neholo oliholayo leli elizokhokhela izindleko zakho.

Ake sibheke nazi izinto ezilandelayo ezivamise ukuba yimbangela yokuwa kwamabhizinisi:

- Ukuthatha imali uyifake kakhulu ezintweni ezihlala isikhathi eside (fixed assets).
- Umnikazi webhizinisi aziholele yena kakhulu.
- Ukuqala ibhizinisi ngesikweletu esikhulu kakhulu.
- Ukucwila ezikweletini kakhulu.
- Ukungabi nolwazi olwanele lwebhizinisi olenzayo.
- Ukuhluleka ukugwema izindleko.

- Ukuhluleka ukulawula ukusebenza kwebhizinisi lakho (njengokuthi uma uhlahlile umoba unganeni ngesikhathi esigayweni – akumele kuze kwedlule izinsuku ezimbili umoba unganenile esigayweni).
- Inkinga yokuhluleka ukuphatha imali noma ukuyisebenzisa ngendlela efanele.
- Nokungahleli umsebenzi wakho.

Mlimi, kumele wazi ukuthi awusayini nje noma iyiphi inkontileka ube ungachazelwanga kahle nanokwazi ukuthi iyisikhathi esingakanani nanokwazi ubuhle nobubi bayo. Okunye mlimi, qikekela ukuthi zonke izinto zakho ziqondile kwa-SARS ngoba uma kungahambi kahle, u-SARS uyakwazi ukuzifikela mathupha kwi-bank account yakho athathe imali omkweleta yona. Abanye benu bawofakazi sekuke kwabehlela lokhu. Sebenzisanani nabeluleki benu ngaso sonke isikhathi.

Amasu Asemqoka



Ibhalwe:
Abeluleki bakwa-SASRI



NHLOLANJA / FEBRUARY

- Hlela bese ufaka isicelo sembewu ozoyisebenzisa ngonyaka ozayo.
- Yakha noma dweba uhlelo lwakho lokusebenzisa izimali (budget).
- Sika utshani emabhandeni/ ezitubheni nasemingceleni yamasimu.
- Yakha uhlelo lomsebenzi wesizini yonke ezoqala.
- Yenza izilinganiso zomoba ozohlalwa kwisizini ezoqala.
- Maphakathi nesifundazwe – tshala lezondawo ezinokuhlaselwa isithwathwa, utshale nezinkulisa-mbewu.



MBASA / APRIL

- Qikelela ukuthi uhlahla umoba ovuthwe ngokwanele futhi omuhle njengoba ubuhle bomoba bubaluleke kakhulu.
- Kusonkontileka: qinisekisa ukuthi abahlali bayaluthola uqeqesho lokuhlala umoba ngaphambi kokuba baqale ukuhlala.
- Amasimu azotshalwa kabusha nalawo ahlaselwe isihlava (ELDANA) esiningi kumele ahlahlwe kuqala.
- Hlela kahle ukunisela kwakho, unganiseli ngokweqile.
- Thatha amasampula omhlabathi emasimini azovuselelwa khona uzothola izincomo zesikhuthazi okumele usisebenzise kusanisikhathi.
- Thenga ukalika/umcako-wabalimi uma udingeka emasimini akho.

MASINGANA / JANUARY

- Njengoba umoba ukhahlamezwe isomiso siyakukhuthaza ukuthi uthathe amasampula amaqabunga ukuze kuhlolwe imisoco edingwa umoba wakho.
- Hlolela izifo nezinhlobo zomoba okungeyizo emasimini nakwiZinkulisa-mbewu zakho.
- Yenza uhlelo lokuhlala lwesizini ezoqala.
- Lungisa imishini namathuluzi okusebenza ukuze kulungele umsebenzi.
- Futha ngomuthi obulala ukhula olunabayo/huquzelayo njengesinandi olungaphansi kwesikhaba somoba.
- Hlolela amasimu ubheke ukuthi aqhuba noma akukhiqizela kanjani ukuze ubone ukuthi imaphi adinga ukuvuselelwa noma ukutshalwa.
- Yenza futhi uphuthule uhlelo lokufuthwa kwezivuthwisi zomoba.



NDASA / MARCH

- Ezindaweni lapho kubekwe imigomo ngokusetshenziswa kwamanzi ngenxa yesomiso, qikelela ukuthi unisela umoba otshalwe kabusha, osemncane kanye nozoba imbewu.
- Yakha uhlelo lokumisa ukunisela emasimini azohlalwa.
- Hlolela isihlava (ELDANA) emasimini akho ikakhulukazi kulawo akhahlanyezwe isomiso.
- Hambisa izilinganiso zomoba wakho ekomitini noma esigayweni.
- Lungisa futhi uyigcine isesimweni esihle yonke imigwaqo epulazini lakho.
- Phothula ukutshala kwakho kwaseNkwindla.
- Makwaxhiwe noma kubuyekwe intengo yokuhlala yalesizini.
- Funa usonkontileka ozokuhlala, sayinda isivumelwano naye.
- Hlolela ukuthi amasimu angeke ahlahlwe awanaso isihlava (ELDANA).



UKUBALULEKA KOKWENZA IZILINGANISO ZOMOBA

Ibhalwe ngu: Thulani Masondo

Izilinganiso isikhathi esiningi ziqala ukwenziwa kusukela ngoNhlolanja (February) kuya kuMbasa (April), bese izilinganiso zenziwa nyanga zonke kusukela kuNhlaba (May) kuya kuNcwaba (August) bese kuthi ezokugcina zenziwa ngoMandulo (September). Izilinganiso ekugcineni akumele zibe ngaphezulu noma ngaphansi ngamaphesenti amahlanu (5%).



Ithimba labeZifo Nezinambuzane lenza izilinganiso ensimini

Nazi izinto okumele uzazi uma wenza izilinganiso zomoba:

Ulwazi oludingwa umlimi maqondana nensimu:

- Isakhiqiza ngokusemazingeni afanele?
- Isangavuseleleka yini?
- Noma kumele uyitshale kabusha?

Ulwazi oludingwa umlimi ngepulazi lakhe:

- Inani lendawo ozoyihlala.
- Inani lamathani ozowathola.
- Ukuba khona kohlelo lokuhlala.
- Inani lendawo okumele unakekele ihlumela.
- Inani lendawo okumele uyitshale kabusha.
- Ukuba khona kohlelo lohlahlomali lwepulazi.
- Uhlelo lokuphuma nokungena kwezimali epulazini.

Ulwazi oludingwa uMshini/Isigayo:

- Inani lomoba ozogaywa.
- Ubude besikhathi esizothathwa umshini ugaya.
- Izinga lokugaya umshini okumele uhambe ngalo.

- Nanokuthi umlimi kumele anikezwe amathani amangaki okumele awafake emshinini noma esigayweni ngosuku.

Ulwazi oludingwa yimboni kaShukela:

- Inani lemali okumele likhokhwe abalimi (levies).
- Inani likashukela okumele lidayiswe ngaphakathi ezweni (local sales).
- Inani likashukela izwe elinalo elingakwazi ukulidayisela amazwe angaphandle (export tonnage).
- Intengo kashukela (cane price).

Mlimi izilinganiso zakho ungazenza ngokusebenzisa lezi zindlela:

- Imininingwane emihle onayo ngepulazi lakho – yamasimu kanye nemvula.
- Ulwazi lwamasimu akho ngokuhlukana kwawo.
- Ulwazi lwemihlabathi onayo epulazini lakho.
- Ulwazi lwezinhlobo zomoba ozitshalile epulazini lakho.

- Isimo umoba wakho okuso epulazini.
- Nokuqhathanisa izilinganiso zakho kanye nezomakhelwane bakho endaweni.

Ngokomthetho umlimi ongazenzanga izilinganiso akumele i-Mill Group Board imvumele afake umoba wakhe emshinini ngoba lowomoba usuke ungalahlelwe noma ungenayo indawo emshinini, kanti ekugcine lababalimi abangazenza izilinganiso bagcina sebedalela labo abazenzile ukuthi umoba wabo ugcine usulalela unyaka olandelayo. Lezi zinkinga zigcina seziphazamisa ngisho isikhathi sokugaya komshini kanye nenani loshukela izwe ebelicabanga ukuthi linalo lokho kugcine sekunomthelela ngisho nasezimalini okumele zitholwe abalimi.

ABADIDIYELI

Thulani Masondo, Norman Mkhabela,
Nqobile Nxumalo, Sifiso Hlela &
Patrick Ngcobo

Ikhishwa kathathu ngonyaka;
January, May nangoSeptember

Imibono nemibuzo:

Nqobile Nxumalo: 031 508 7511

Email: nqobile.nxumalo@sugar.org.za